*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*UThuli, uKhethiwe nemfihlo*
*(Thuli, Special and the Secret)*
Illustrated by Yihenew Worku
Written by Baeletsi Tsatsi
Designed by Dali Gaga
Edited by Monique Whitaker
translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 25 February 2017.

ISBN: 978-1-928442-49-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

UThuli uhlala noninakhulu kanye nenkomazi yakubo, uKhethiwe, esigodini sasemakhaya.

Abazali bakhe basebenza edolobheni elikhulu.



Thuli-special-and-the-secret_interior.indd 6 2020/06/22 17:39

Njalo ekuseni ugogo kaThuli umvusa kusempondozankomo ukuyobuka ilanga liphuma.

Uma ilanga seliphezulu esibhakabhakeni, uGogo ugeza uThuli. Uxubha amazinyo kaThuli, amhlambe ubuso aphinde ambhulashe nezinwele zakhe.



Lapho uThuli esemuhle, esehlanzekile, uGogo umnikeza idokwe. UThuli uyazifela ngedokwe. Kodwa uthanda ubisi kakhudlwana, ngoba luphuma enkomazini yakwabo, uKhethiwe.

Ubisi lusha futhi lunothe ngokhilimu.

Ngemuva kokudla, uThuli noGogo bahlala phansi kwesihlahla bese uGogo exoxela uThuli izindaba.

Thuli-special-and-the-secret_interior.indd 13 2020/06/22 17:39

Uma izindaba seziphelile, uGogo unikeza uThuli amabhisikidi ambalwa kanye nengilazi yobisi olusha olusakhilimu.

Abazali bakaThuli bafika namabhisikidi uma bezovakasha – amabhisikidi anoshokoledi. UThuli uwakhonze kabi.

Thuli-special-and-the-secret_interior.indd 14 2020/06/22 17:39

UKhethiwe ubuka uThuli njalo lapho edla amabhisikidi akhe. UThuli uyafisa ukwabelana ngamabhisikidi akhe noKhethiwe, kodwa uGogo umnikeza anele ukuthi awadle yena kuphela.



Ngolunye usuku emva kokulalela izindaba, uThuli ulandela uGogo uya endlini, uhamba ngamanzonzwane ukuze uGogo angamuzwa.

UThuli ubona uGogo ekhipha amabhisikidi ambalwa kuhhavini.



Thuli-special-and-the-secret_interior.indd 18 2020/06/22 17:39

Uyagijima aphumele ngaphandle atshele uKhethiwe ukuthi maduze nje uzobe enamabhisikidi azokwabelana ngawo naye.

Makhathaleni ntambama, uGogo noThuli bathatha isithongwana. Emva kwalokho bavuka babuke ilanga seliyoshona.

Lathi uma selishonile ilanga, uThuli wanyelela waqonda ekhishini.

Uvula uhhavini athathele uKhethiwe amabhisikidi ambalwa.

UKhethiwe ukhotha uThuli ngesikhathi emnikeza amabhisikidi. UKhethiwe wamoyizela. UThuli wamoyizela.

## "Yimfihlo yethu encane le,"

kusho uThuli.

